**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU EMCIMBINI WOKUVULWA KOMGWAQO U-D518 EGREYTOWN NGOLWESIBILI MHLAKA 05 APRIL 2011.**

Mphathi wohlelo;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
Nkosi yaKwaSithole;
Amakhosi aseNdlunkulu wonke akhona;
Imeya yoMkhandlu;
Amakhansela;
Izinduna;
Izisebenzi zomnyango ziholwa iNhloko yoMnyango uHlabisa;
Amalungu ezinhlaka esisebenzisana nazo kwezokuthutha ama-RRTF, ama-CRSC, ama-PTPA, uVukuzakhe noZibambele;
Abezindaba;
Umphakathi wonke ngiyanibingelela.

Namhlanje wusuku olukhulu emphakathini waseShane nasesiFundeni saseMzinyathi sonkana. Usuku lokuthi ochungechungeni lwezinhlelo zethu njengoMnyango zokuya kubantu sikwazile ukuzobongela umphakathi walapha sithi halala ngentuthuko yemigwaqo eqhubekayo endaweni. Kodwa futhi usuku lokuthi sizobonga kinina mphakathi ngokubambisana noHulumeni nivume ukuthi kungene izinhlelo zentuthuko esikhuluma ngazo.

Ngiyajabula futhi ukuthi imiphakathi yakithi njengalapha eMvoti isiyakuqonda ukubaluleka kokuthi njengoHulumeni kumele size kubantu sikhulume nabo ngama-project alethwa kubona, siwadlulisele kubona ngokusesikweni.
Kumele sisho ukuthi sesisebenzise imali engakanani kwasizakala abantu abangakanani ngamathuba emisebenzi nokuthi sekusele kangakanani uma kusasele njll.

Lokhu kuhambisana nokuthi njengoHulumeni sinesibopho sokunazisa kanti nani ninelungelo lokwazi ngesimo somsebenzi wentuthuko oqhubekayo endaweni yenu. Phela nenqubo yentando yeningi esakhelwe phezu kwayo iyakugcizelela ukuthi abantu kumele babe yingxenye yezinhlelo ezilethwa kubona, esithi i-*participatory democracy.* Akumele abantu baze bathathe izinqumo ezingenasisekelo ngoHulumeni wabo kanti benziwa ukungazi ngezinhlelo abalethelwa zona.

Phela kubalulekile ukuthi umuntu akuchaze lokhu ngoba njengoba sesibheke okhethweni lohulumeni basekhaya, kukhona abazozama ukudida abantu bakithi babatshele ukuthi siza kubona ngoba kuza ukhetho.

Njengoba ngiqale ngathi size lapha njengengxenye yochungechunge lwezinhlelo zethu zokuya kubantu, kusho ukuthi asiqali manje. Mhlambe inkinga kuba ngukuthi phela nesifundazwe sethu sikhulu, okwenza kuthathe isikhathi ukufika kwabanye mhlambe kuze kusondele lona ukhetho.

Iqiniso nje ngukuthi lo Hulumeni oholwa nguMsholozi kuzwelonke noKhabazela esifundazweni awusoze wangazigcina izibophezelo zawo, awusoze wadlala ngemizwa yabantu.

Kodwa-ke mhlambe sekungaba yibhonasi nako ukuthi ukuxhumana nabantu njengoHulumeni kwenza bavuseleleke baze babone kungaba ubuhlakani ukuthi iqembu eliwuholayo linikwe ithuba nasezingeni lomasipala.

Namhlanje sizobongela umphakathi walapha endaweni yaseShane ngomgwaqo u-D518 osufakwe itiyela kabusha. Umsebenzi walo mgwaqo uqale ngo-September 2010 njengoba usuphothuliwe ngesamba sika-R15.22 million.

Siyabonga futhi ukuthi ngaphandle kokuthi sekuhambeka kalula manje, lo mgwaqo usudale amathuba okuxosha indlala ngokuqasha oZibambele abangu-16 kanti nangesikhathi sokwakha kunabantu bendawo abangu-52 abathole amathuba emisebenzi.
Kodwa enye inselelo esibhekane nayo lapha kube ngukushoda kwe-bitumen okuze kwadingeka umsebenzi wethu siwuhlele ngendlela ezobhekelela inkinga yokushoda kwe-bitumen ezweni lonke.
Siyajabula futhi ukuthi imisebenzi ebiqalwe ngozakwethu engibalandelayo kulo Mnyango wezokuThutha iyaqhubeka, eminye silokhu siyidlulisela kubantu uma isiphothuliwe.

Njengoba namhlanje besibheka nomgwaqo u-P549, esaziyo ukuthi uNdosi wayelapha ngo-January ka-2009 ezovula isigaba sokuqala, kumele sisho ngokusemthethweni futhi ukuthi amakhilomitha amathathu aseyaqhubeka nokwakhiwa njengoba sasizibophezele.

Kulona-ke umgwaqo sebengu-20 oZibambele asehlomule ngamathuba okuxosha ikati eziko, kanti nabantu bendawo sebefike ku-55 abathole amathuba emisebenzi ngesikhathi sokwakha. Isiyonke imali esisebenzile kulo mgwaqo ingu-R37 million.

Esikucelayo nje emiphakathini esebenzisa le migwaqo ngukuthi iziphathe kahle kungabe sekufa abantu futhi. Kumele sikugcizelele ukuphepha emgwaqeni ngoba sekucacile ukuthi akusizi ukuthi sakhe imigwaqo ezobulala abantu bakithi. Imigwaqo esiyakhayo ngeyokuthuthukisa abantu, hhayi ukubabulala.

Ngaphambi kokuthi ngiphethe, ake ngithathe leli thuba, njengoNgqongqoshe obhekele nezokuPhepha kulesi sifundazwe, ngigcizelele ukuthi njengoba sibheke okhethweni loHulumeni baseKhaya, kumele

nazi ukuthi phela kunezinselelo esibhekana nazo ezweni lethu njengoba kunamaqembu aphikisanayo kwezepolitiki.

SiwuHulumeni-ke sithi singabhekana kalula nazo lezi zinselelo uma ukusebenza kwethu kuhlale njalo kuqhakambisa ukuthula, intando yeningi nentuthuko. Angeke kube nentuthuko uma kunezimpi.

Ngakho-ke uma kukhona umuntu oniqhathayo odala ukuba nilwe anokwazi ukuthi lowo muntu nguyena okumele nibhekane naye ngoba kusho ukuthi akayifuni intuthuko. Masihlangane singumphakathi silwe nabo bonke ububi endaweni yethu okuhlanganisa nabo bonke obunye ubugebengu.

Ngalawo mazwi sithi siyanihalalisela nonke sibonga ukuziphatha kahle kwenu kulo mcimbi omuhle kangaka.

**Ngiyabonga**